
GOVERNMENT PUBLICATIONS: Simama KZN
26 Jan 2013, p.9



Yisikhathi sokufunda...ohleli phansi nguNgqongqoshe uMnuz Ravi Pillay nabafundi baseShayamoya Secondary School

**Kuqinisekiswe ukuthi ukufunda nokufundisa kuqhubeka kahle futhi akunazihibe**

Uqhubeke wachaza ukuthi izikole ezivakashelwe ziqokwe ngokusebenzisa indlela ethile okuyiyona ithimba eliyilandelile labona kusemqoka ukuvakashela lezi zikole

# "Ukuvulwa kwezikole" nesasasa kufika uNgqongqoshe uPillay

Umhla ziyi-16 kuMasingana wezi-2013, akubanga nje usuku lokuvulwa kwezikole kuphela esiFundeni iSisonke kodwa kube ngusuku abangasoze balukhohlwa njengoba uNgqongqoshe Wezokuhlaliswa Kwabantu kanye Nemisebenzi Yomphakathi ehambisana namalungu eSishayamthetho saKwaZulu-Natali, abaphathi abaphezulu boMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi, abezeMfundo KwaZulu- Natali ngokunjalo nabasebenzi bakaMasipala bevakashele izikole ezikulesi siFunda.

Izikole okube ngezokuqala ukuthola leli thuba eliyingqayizivele kube yiShayamoya Secondary kanye neHorse Shoe Primary. Othisha, abazali kanye nabafundi bebemangele futhi bethokozile ukuthola leli thuba eliyingqayizivele lokuvakashelwa yileli thimba.

Lokhu kuvakasha bekuyingxenye yohlelo lokuhlolwa kwezikole oluthathe izinsuku ezintathu, oluqale mhla ziyi-16 kuya ziyi-18 kuMasingana wezi-2013. Inhloso-ngqangi yalokhu kuvakasha kwabe kungukuzoxoxa ngezinselelo kanye nokulekelela izikole ekuqinisekiseni ukuthi ukufundisa nokufunda kanye nokusiza izikole ngokuthi kuqinisekiswe ukuthi ukufunda nokufundisa kuqhubeka kahle futhi akanazihibe. UNgqongqoshe Wezokuhlaliswa Kwabantu kanye Nemisebenzi Yomphakathi, uMnuz Ravi Pillay uthe: "Asizelenga lapha ukuba sizokubheka amaphutha; imfundo yiyo ephezulu eqhulwini. Yebo siyazi ukuthi nibhekene nezinselelo kodwa size lapha futhi sizimisele ukuba selekelele lapho esingakwazi khona".

Uqhubeke wachaza ukuthi izikole ezivakashelwe ziqokwe ngokusebenzisa indlela ethile okuyiyona ithimba eliyilandelile, labona kusemqoka ukuvakashela lezi zikole. Amalungu Omgwamanda Olawula Isikole iShayamoya Secondary School abongae uNgqongqoshe kanye nethimba ngokuba bavakashele isiFunda futhi abe esethula izikhalo zawo ngokunjalo nezinkinga abhekene nazo ezikoleni.

Iqhutshwa ekhasini 10



IHorse Shoe Primary School